



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2019

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelile. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengo-YEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelile kanje:
Isib: 1.1.5 USizwe/A (okuwuhlamvu oluphelele).

- 1.1 1.1.1
- Emabhasini esikole.✓/
 - Ezitobhini.✓/
 - Endleleni eya esikoleni noma ebuya esikoleni.✓/
 - Ezinkundleni zokuxhumama.✓/
 - Emphakathini.✓/
 - Emidlalweni✓/
 - Emsebenzini✓/
 - Ezikoleni✓
- (Okukodwa kwalokhu.) (1)
- 1.1.2 Isichokolozi.✓/ umhlukumezi✓ (1)
- 1.1.3 UMalcom Smith.✓ (1)
- 1.1.4 C.✓/Elihle kunamanye.✓ (1)
- 1.1.5 Kunalabo abajoyina iqembu labahlukumezi ngoba besaba futhi befuna ukuvikeleka.✓✓ (2)
- 1.1.6
- Udlame phakathi kwamalungu omndeni.✓
 - Ukwehlukana kwabazali.✓
- (2)
- 1.1.7 UMenzi Ngema wagcina esengumhlukumezi✓ ngenxa yokuphindaphinda amakilasi kanti uBabylon yena wayegcina engadlile esikoleni ngenxa yokuthathelwa ukudla kwakhe.✓ (2)
- 1.1.8 (a) Ukuhlupheka.✓✓/Ukuswela.✓✓/Ukulamba.✓✓/Ukungabi nakudla.✓✓/Ubuphofu.✓✓/Ububha.✓✓/ ukungabi namali.✓✓ (2)
- (b) Ukuhlala wedwa.✓✓/Ukungahlanganyeli nabanye abantu.✓✓/ ukuzikhiphela eceleni.✓✓ (2)
- 1.1.9 OKUBILI kwalokhu:
- Bayesaba ukwakha ubungani.✓/
 - Bayazivalela bangafuni ukukhuluma.✓/
 - Bagqoka izingubo ezinkulu ezifihla imihuzuko nezibazi.✓
 - Abathandi ukuzibandakanya ezintweni ezenziwa esikoleni njengemidlalo nokunye.
- (Nokunye okunembayo) (2)
- 1.1.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Isibonelo:
- Le ndaba ifuna ukuqwashisa ngobungozi bokuhlukumezana.✓✓/
 - Indaba isifundisa ukuthi singayibona kanjani ingane ehlukunyezwayo.✓✓
- (Nokunye okunembayo.) (2)

- 1.1.11
- Ngenxa yabahlukumezi isibalo sabantu abazibulalayo siyanda kakhulu.√/
 - Bangingi abantu abahlaselwa ukhwantalala (stress) nezinye izifo ngenxa yokuhlukunyezwa.√/
 - Ukwehlukana/Ukudivosa kwabazali kungaba nomthelela ekuthini ingane ibe ngumhlukumezi.√/
 - Abangingi bagcina sebengena ezidakamizweni notshwala. (Okubili kwalokhu.)
- (2)

- 1.1.12
- Kufanele abahlukunyezwayo babikele othisha.√/
 - Isikole kufanele sibe nezinhlalo zokuqeda lo mkhuba.√/
 - Abazali kufanele baluleke izingane ukuthi zikhulume uma zihlaselwa abahlukumezi.√/
 - Ukuzama ukubonisana nomhlukumezi ngendlela enokuthula kuyasiza ukuthi nabo behlise ulaka lwabo.√/
 - Kufanele ungakhombisi ukuthi wesaba kangakanani ngoba kwesinye isikhathi naye umhlukumezi usuke engazethembi.√/
 - Ungatshela nabangani bakho ukuze bakuvikele.√/
 - Bikela abomthetho. √
 - Shintsha imininingwane yakho. (Okubili kwalokhu.)
- (2)

- 1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Isibonelo:
- Ukufundisa/Ukuqwashisa ngobungozi bokuhlukumezana.√/
 - Ukufaka amakhamera ezindaweni okuhlukunyezwana kuzona.√ (Nokunye okunembayo.)
- (2)

- 1.2 1.2.1 Ukusha kwendwangu yetafula.√ (1)

- 1.2.2 Babaleka bayocasha ngaphansi kwetafula labazali babo.√ (1)

- 1.2.3 Usukumile ubheka ngakuKim noJay ngokumangala.√√ (2)

- 1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka: Okukodwa kwalokhu ngohlangothi ngalunye.

Yebo ngiyavumelana ngoba:

- Lokhu kukhomba ukuthi izingane abazifundisanga indlela yokuziphatha ekuhambeni.√√/
- Lokhu kucacisa ngokusobala ukuthi izingane abazigadile.√√

NOMA

Cha angivumelani ngoba:

- Izingane ziyafana zonke, zikukhonzile ukuganga.√√/
- Akubona phela abenze lokhu kepha izingane okuyinto engenzeka kunoma ngubani.√√

(Nokunye okunembayo.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2****Amaphuzu angabhekwa:**

	Amaphuzu acashuniwe.		Amaphuzu ahunyushiwe.
1.	'Kufanele ubheke ubucayi bokulimala kodwa ungamnyakazisi umuntu olimele ngoba ungaphazamisa amathambo aphukile'.	1.	Umuntu ophukile akufanele anyakaziswe ngoba kungenza amathambo alimele agudluke.
2.	'Phefumelela emlonyeni womuntu oqulekile, umphampe esifubeni ukuze inhliziyo iqale ukusebenza.'	2.	Uma ophukile equlekile zama ukumupha umoya ngokuphefumulela emlonyeni umphampe esifubeni.
3.	'Ungakuvimba ukuphuma kwegazi ngokubopha ngendwangu ngenhla kwalapho umuntu alimele khona'.	3.	Nqanda ukopha kakhulu ngokumbopha ngenhla kwalapho elimele khona.
4.	'Sekela indawo elimele ngokuyibophela oqwembeni ukuvimba ukuthi ithambo lingaqhubeki nokulimala.'	4.	Phasa indawo elimele ngento eqinile ukuze uvikele ukuqhubeka komonakalo ethanjani.
5.	'Zama ukugoqa iqhwa ngendwangu ulibeke endaweni evuvukele.'	5.	Beka iqhwa elisongwe ngendwangu lapho elimele khona ukuze kwehle ukuvuvukala.
6.	'Kumele umxoxise umnike ithemba ukuze nezinhlungu zilibaleke/ zizibeke'.	6.	Kufanele ukhulume naye ophukile ukuze angazizwa izinhlungu kakhulu.
7.	'Kuhle ukumgcina efudumele, ubeke ikhanda endaweni ephansi izinyawo ziphakame'.	7.	Mgcine efudumele nezinyawo zibheke phezulu.

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni ngokombuzo.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
 - Isamba samamaki-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
 - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe noma kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
 - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
 - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

- 3.1 ESenzakahle Printers.√ (1)
- 3.2 Okubili kwalokhu:
 - Amaphosta.√/
 - Izikhwama.√/
 - Amakhadi amabhizinisi.√/
 - Izikibha.√ (2)
- 3.3 D.√/Ukumangala.√ (1)
- 3.4 Izikibha > Izikijana.√ (1)
- Imisho iyokwehluka:
Isibonelo: Abafana bagqoke izikijana ezifanayo.√ (1)
- 3.5
 - Ukusetshenziswa kwezithombe√/
 - Ulimi oluhehayo/olukhohlisayo (amanani aphansi kakhulu).√ (2)
- 3.6 UMBONO, ngoba:
Okukodwa kwalokhu:
 - Benzela ukuheha amakhasimende.√√/
 - Kungenzeka abanye bangaboni kanjalo.√√/
 - Asiwaboni amanani la/Asazi singawaqathanisa nani. √√ (2)

(2)
[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Okubili kwalokhu:
 • Ababili balele ezihlalweni. ✓/
 • Omunye ulele emile. ✓/
 • Omunye uyakhuluma. ✓ (2)
- 4.2 Isenzo ✓ + ibizo. ✓ (2)
- 4.3 B. ✓/Ukuphuza utshwala. ✓ (1)
- 4.4 Ngenxa. ✓ (1)
 Imisho iyokwehluka:
 Isibonelo: Angilalanga ebusuku **ngenxa** yokuphathwa umkhuhlane. ✓ (1)
- 4.5 Isifaniso. ✓ (1)
- 4.6 Okubili kwalokhu:
 • Ukuqinisa ezokuphepha ngokwandisa isibalo samaphoyisa. ✓/
 • Ukuqeqeshwa kwamaphoyisa okusezingeni eliphezulu ukuze abhekane nokweqa kweziboshwa. ✓/
 • Ukufakwa kwamakhamera acashile ezitokisini. ✓/
 • Ukwakha izakhiwo okungelula ukuphuma kalula kuzona. ✓
 (Nokunye okunembayo). (2)

[10]**UMBUZO 5**

- 5.1 5.1.1 Mfu. ✓ (1)
- 5.1.2 Abantu bayathuka uma bebona uNdlovu epheka. ✓/Abantu bayethuka uma bebona uNdlovu epheka. ✓ (1)
- 5.1.3 Intombi. ✓ (1)
 Imisho iyokwehluka:
 Isibonelo: Intombi kaMaMsomi iphumelele ngamalengiso. ✓ (1)
- 5.1.4 Indoda yaKwaZulu ✓ eqobana no-anyanisi ✓ izingane zikhona? (2)
- 5.1.5 Esenkathi. ✓ (1)
- 5.1.6 (a) Ukhamba. ✓ (1)
 (b) Esiphundu. ✓ (1)
- 5.1.7 (a) Esokumbongela. ✓/Esokumhalalisela. ✓/Esokumjabulela. ✓/
 ukuncoma. ✓ (1)
 (b) Esokwethuka. ✓/Esokumangala. ✓/ Ukudumala. (1)

- 5.1.8 Inzondo.√ (1)
- 5.1.9 Imisho iyokwehluka: Makuvele umqondo wesitho somzimba.
Isibonelo: Udadewethu uphekele ubaba isibindi senkomo.√√ (2)
- 5.2 5.2.1 Ubeke isandla ekhanda.√ (1)
- 5.2.2 Bazoqedana ngezandla laba bantu.√√ (2)
- 5.2.3 A√/Ukunganaki.√ (1)
- 5.2.4 (a) Usenkingeni.√/otakwini.√ (1)
- (b) Ejele.√ (1)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80